Izulu alisakhemezeli. USethu nodadewabo omelamayo uThingo bajabulile. Balangazelele ukuyodlala ibhola ebaleni. Inja yabo, uBhova, uthanda ukudlala nabo ibhola. Bacinga ibhola bangalithola.





Ibhola lilahlekile. USethu noThingo bamangele. UBhova ubabhekile. Abazi baqalephi ukufuna. “Sizofuna kuphi?” kubuza uThingo.

Babheka emgqomeni wezibi. UBhova uyabalandela ubafunisa ibhola. Ibhola alitholakali.





UBhova uzama ukweqa uthango lukamakhelwane eyobheka ibhola.

USethu noThingo bayambiza, “Woza, Bhova!”

UBhova uyabuya. UThingo wacabanga icebo. “Ngizobheka ngaphansi kwemoto.”






UThingo waguqa wabheka ngaphansi kwemoto efuna ibhola. Uhamba ngamadolo uyabuya. Izimpahla zakhe zinodaka. Akajabulile.

Ibhola alitholakali.

UBhova uzama ukweqa uthango lukamakhelwane futhi.

UThingo noSethu bayambiza, “Woza Bhova, uzolimala.”

UBhova uyabuya. Ibhola alitholakali!





USethu noThingo bahlala kuvulande noBhova.

USethu wabiza ubaba.

“Baba! Baba! Ibhola lilahlekile.”

Ubaba ufuna ibhola emgqomeni wezibi.
UBhova uyamlandela.





Ibhola lisalahlekile. UBhova unecebo. Weqa uthango lukamakhelwane futhi. USethu noThingo abambonanga.

Ubaba owambona eqa uthango.

USethu wabuza ubaba, “Uphi uBhova?”

“Weqe uthango wangena emzini kamakhelwane.”

“Asimlandeleni, Sethu,” kusho uThingo.





USethu noThingo balandela uBhova. UBhova ume eduze nebhola.

"*Wu! Wu!*" Ukhonkotha ibhola.

UBhova ulitholile ibhola! UBhova ubamba ibhola ngomlomo wakhe, babuyela ekhaya. UThingo wabhambatha uBhova emhlane emhalalisela.





USethu wabiza ubaba.

“UBhova ulitholile ibhola.”

“Ulitholephi?” kubuza ubaba.

“Ulithole ebaleni likamakhelwane,” kuphendula uSethu.

Ubaba wabo wathokoza kanye nabo.

Bobathathu baqala ukudlala ibhola.
Badlala baze bakhathala.

